



Uthisha uTshezi nekilasi lakhe bakhuluma ngobhubhane lwekhovidi.

Uthi, “Ngifuna ukuzwa ukuthi nisichithe kanjani isikhathi nisekhaya. Ngabe nonke nikwazile ukwenza umsebenzi wesikole ngesikhathi izikole zivaliwe?”



UDudu waphendula kuqala, “Kumina ukufunda ekhaya bekunzima ngoba abazali bami bayasebenza futhi bengisala ngedwa ekhaya,” uyasho.

“Nami bekufanele ngizenzele ngingedwa umsebenzi wesikole,” kusho uMsizi.



Uyaqhubeka, “Bengingenaye umuntu ongangisiza,  
ngingenaye nongichazela imibuzo nemiyalelo.”

Abafundi abaningi bayavuma.

“Ukusebenzisa i-inthanethi bekunzima ngoba idatha  
iyabiza,” kusho uDudu.

Abafundi bayavuma futhi.



U-Ayanda uthi, “Ekhaya bekunomsindo kakhulu ngingakwazi ukufunda.”

“Ngijabule kakhulu uma sitshelwa ukuthi sesingabuyela esikoleni,” kusho uFaiza.

“Wonke umuntu ubejabule!” kuhleka uMsizi.



“Bengingafuni izikole zivulwe,” kukhononda u-Ayanda.

“Emva kokubuyela esikoleni ngicabange ukuthi izinto zizobuyela esimeni sazo esijwayelekile, kodwa yonke into ibisishintshile!” kuqhubeka u-Amahle.



“Kumele singasondelani, sifake izifonyo, futhi sisebenzise nesibulala magciwane sezandla,” kukhalaza u-Isaac.

“Othisha bahlale besibuza njalo, uyakhwehlela, unomphimbo obuhlungu?” kusho u-Ayanda.



UKagiso uhlikihla izandla zakhe wase ethi, “Ngaso sonke isikhathi uma uphendula ngokubhala ebhodini, bakunika isibulala magciwane sezandla.”

“Kufanele njalo sihlale siphethe ibhodlelana elinesibulala magciwane sezandla phakathi,” ukhuluma ngokukhathazeka.



“Lapha esikoleni ngesikhathi sekhefu, akusafani nakuqala lapho besiba ndawonye sidlale umdlalo owodwa,” kusho uMsizi.

U-Ayanda uthi, “Kunzima kakhulu ngoba besijwayele ukudlala nabangani bethu.”





U-Amahle uthi, “Thina njengezingane, siyabathanda abangani futhi siyathanda ukuhlale sinabangani bethu.”

“Kodwa manje asisakwazi ukudlala nabangani bethu,” kusho uDudu.

“Manje kumele singasondelani,” kusho u-Isaac.



Uthisha uTshezi uthi, “Kuningi kakhulu okushintshile.”

Kodwa akekho umuntu oyedwa kulokhu.

“Noma ngabe asikwazi ukudlala ndawonye okwamanje, singakwazi ukwabelana ngemicabango nemizwa yethu,” uyaqhubeka.



## —Imibuzo

1. Ubuzizwa unjani ngokuhlala ekhaya ngesikhathi somvalelandlini? Sicela uchaze.
2. Thola amagama endabeni aphikisa lawa: kuthule, dabukile, izimpendulo, lula.
3. Thola amagama endabeni anomqondo ofanayo nowalawa: iyabiza, abafundi, thokozile, oshomi.



---

Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona.

[Vakashela i-RX Radio](#)